Imikhuba yakugala. Tabus on food and other Zulu custom. K13/41 1/2

S.102. 1b L. Kunene, 3/41.

Native Catholic Mission,

P.O. Box 65,

Ladysmith.

The Dr. N.J.V. Warmelo,

P.O. Box 384,

Pretoria.

Mnumuzane,

1 Ngiphindile ukuxoxa no babamkhulu futhi ngubuza izindaba ekuxoxeni kwakhe uqale ngokuthi kimina, uyabona ntanomtanami izinyoni lezi zikhethiwe ezidliwayo. Akudli zonke nje na. ina ke ngabuza ngathi kanti babamkhulu kunjalo na? Wa phendula wathi "Nansi enye" yaso. Engavunyelwe ikakhulu emantombaznenl ukuba ayidli "Inkankane."

Mtanomtanami uma uollla lenyoni uyozala imihlololo. Lokho okuthi abantwana abakhala njalo. Uma umtanakho ekhala ezinye izingane angeke zimphathe neze. Ngoba hawe ngoqobo lwakho engowakho ungeke umthande mpela. Ngokuthi umtwana abazali bakhe. Usungitshelile ba bamkhulu angeke ngidle inyoni okuthiwa Inkankane noinini ngize ngife.

2 Futhi ngibuzile ngothi yini enye babamkhulu engatsyelwe emantombazaneni ukuba ayidle ezintwaneni na? Waphendula yena wathi ungasho ukuthi ngiyaku khohlisa. Ngiyakutsyela ukuthi "Ungadli futhi inyama yembila." Agaphinda ngathi yonoke yonani na? Wathi uma udla inyama yembila, uyozala futhi kanjalo abatwana abanje ngayo wangibuza wathi uyazazi yini zinyawo zayo ngavuma. Wathi izibunu zayo zinjani na? Ngathi zishone phakathi.

Washo ukuthi uyabona nawe futhi uma uyidlile wozala umtwana njalo. Izinyawo kanye nezibunu ezishone phakathi. Asoze athanoleka ezinsizweni. Phela nawe uyazi ukuthizinsizwa zifuna ukuba ukunyathela kwenzintombi ukuthi singe sinyokaza kanjani entombini na? Ugcine ngalokho ke namhla. Ngobuye nginiqhubele ngomuso futhi ezinye izindaba.

Ithunyelwe nguyena yena,

Lidwina Kuene.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

K13/41 2*

S.102. 3 No II **Ngisaqhuba njalo indaba yami - Ngabakwa Madonsela.**

Abakwa Madonsela abangayidli imvu. Emhlophe nemnyama. Kuthe ke sihlezi ekuseni kwa Mamakhulu kumakhuzana ngicela kuye uba ngivakashele omunye wabangane bami yena ke ungiphendule wathi phela nina aniswele ukuhamba ngoba abantu abaningi lapha ngabadla umvu. Ninake aniyidli imvu ngathi mina yini mamakhulu ukuthi thina asiyidli imvu na? Wathi buza kubabakhulu wakho." Yenake uthe kugnoba, kuqala kukhona umuzi wakwa Madonsela owadla imvu ungazi. Wonke lomuzi waphenduka wabango wezilima. Abanye bahlanya.

Kungako ukuthi bonke abakwa Madonsela abaphindanga ukuvunyelwa ukudla imvu kuze kube namanje namanje. Manje senithi zalwa nitsyelwe ukuthi niggadli imvu. Ngoba namanje uya babona abonye ba kithi abasile nje, kungoba badla imvu, kungafuneki. Futhi zilima nesihlanya zandile kulolu hlobo ngayo lendlela yokudla into engatshelwe. Ohlotsyeni lwakhona, kungakho ukuthi asithandi nihambele izihlobo senu. Ngoba abantwana ababuzi ukuthi eyani lenyama na? Bayadla nje.

4 No. III Ngabakwa Sithole. Kuke kwathi khona namhlanje ekuseni ngiyokha amanzi ngahlangana nekhehla elifishane. Lona ngithe umangithi kulo sak bona baba lathi uthi kimi baba nje uyangazi yini? Ngathi mina qha. Lase lithi kimi ntombazana awubazi abantu abanye."

Ngabuza ke ngathi wena baba owakwabani na? Liphendula lathi lona ela kwaSithole. Ngase ngithi kwasukelapha ukuthi nina nithole isibongo sakwa Sithole, lathi kuya ngoba kuqala sasihlala emgodini. Kepha khona lapho emgodini naphuma kanani na? Lathi emgodini ukuze siphume thina, sakhitsywa ngamasi eThole lenkomo. Ngakhoke sathola isibongo sakwa Sithole. Lathi akukho omunye yilokho nje ukuphela.

Ziphela lapho ezakwa Sithole.

END 102

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.